

**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA
UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMHLONISHWA UMXOLISI KAUNDA EMCIMBINI
WOKWETHULA UHLELO LOMGWAQO EMANDENI, MHLAKA 26 JULY 2016**

- Mphathi wohlelo;
- IMeya yoMkhandlu waseMandeni: Khansela uSphesihle Zulu;
- AmaKhosi aseNdlunkulu;
- Amakhansela akhona;
- Ubuholi bezinhlaka zonke ezikhona emphakathini;
- Abasebenzi beminyango kaHulumeni ngokwehlukana kwayo;
- Izinhlaka zonke esisebenzisana nazo kwezokuThutha;
- Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Kuyintokozo ukuthi namhlanje sithola leli ithuba lokuhlangana nomphakathi walapha eMandeni sizokhuluma siphinde sihalalise ngentuthuko yabantu bakithi.

Lo mcimbi wanamhlanje uyingxenye yeminye eminingi esihlale siyenza njengoHulumeni, hhayi nje ngezikhathi ezithile kuphela mhlambe uma kunokhetho, kodwa kusuka kuqala unyaka wezimali ngo-April kuya ekupheleni kwawo ngoMarch. Kule micimbi sisuke siya kubantu ukuze sibachazele ngemisebenzi esesiyenzile, nesiyenzayo njengamanje naleyo esizoyenza emphakathini yakithini.

Kodwa ngaphambi kokuba ngenabe ngale misebenzi, ngithanda ukuthi kesithi ukufundisana noma lokhu abanye abathi ukuhabulisana.

Ngifisa ukuqala ngokuchaza lapha ukuthi inhlango ebusayo kaKhongolose iqhamuke nohlelo lokuthuthukisa isizwe, esilubiza ngeNational Development Plan (NDP), lapho ukuthuthukiswa kwengqalasizinda kungenye yezinto ezihamba phambili kulona.

Lolu hlelo nalo lusekeleke kuMthethosisekelo nomgomo wentando yabantu kulelizwe lapho kugcizelelwa khona ukuthi isisekelo sentuthuko ngokuba abantu babe nomgwaqo, amanzi nogesi.

Phela uma unalezi zinto zontathu usuke usunalezi zinto esithi zi-*basic* empilweni, yizona ezikuvulela indlela yokwenza noma yini engakuthuthukisa kwezomnotho nenhlalakahle jikelele.

Lokhu kusho ukuthi abantu basuke sebenelungelo elilinganayo lokungalingani, *equal right to be unequal*. Okusho ukuthi inkundla yokudlala isuke ilungele wonke umuntu bese kuba kuwena ukuthi uyadlala noma ufuna ukubukela abadlalayo.

Siyazi ukuthi kuningi okwenziwa abantu basemakhaya nasemalokishini ukuziphilisa ngaphandle kokuthi baye ezimbonini ezinkulu, kodwa njengoHulumeni kumele thina sakhe isimo lapho umuntu ezokwazi ukuzithuthukisa kulokho akwenzayo lapho ekhona.

Kumele sakhe isimo esizovumela ukuthi abatshali bezimali bangene yonke indawo ngaphandle kokwesaba ukuthi mhlambe abantu abathukuthele ngenxa yokunganeliseki ngokuthile bangase bacekele phansi amabhizinisi abo. Lokhu sikwenza ngokuthi siletke intuthuko yezidingongqangi engithe *zi-basic*.

Kodwa futhi inqubo yentando yeningi isitshela ukuthi nani njengomphakathi kumele nibe yingxenyeye yalezi zinhlelo zentuthuko. Kumele nibe yingxenyeye ngenkathi kwakhiwa ingqalasizinda bese kuba yinina futhi eniba yingxenyeye yokuyiqapha ukuthi ingacekeleki phansi leyo ngqalasizinda ngoba phela kusuke kungeyenu.

Manje uma ubheka konke lokhu uzobona ukuthi uma kukhona ukungagculiseki ngokusebenza kukahulumeni, awukwazi ukuthi ungacekela phansi lokhu osukuzuzile uma wazi ukuthi kungokwakho – phela okusempeleni ayikho into kahulumeni kodwa kukhona eyomphakathi njengoba sikhuluma nge-public service.

Okunye futhi - ngizokhuluma kahle ngoba kuza nokhetho - intando yeningi isitshela ukuthi uma umuntu noma uhulumeni usukhethiwe usuke usungowabantu bonke nabangawukhethanga. Kanjalo nomuntu okhethwe ngentando yeningi ukuba akuhole, usuke esengumholi wakho noma ngabe wena awumkhethanga. Nathi nje njengoba siphethe siwuKhongolose sisebenzela abantu bonke ngisho abangasivotelanga.

Okusho ukuthi uma sihlonipha uMthethosisekelo wethu, angeke sivume ukuba kwenziwe izinto ezikhomba ukuphazamisa nokuphambana nenqubo yentando yabantu.

Akekho umuntu okumele aze athathe umpefumulo womuntu ngoba engahambisani naye kodwa lowo muntu ebe ekhethwe ngabantu.

Siyajabula ngoba ezigamekweni ezike zathela ngehlazo indawo yaseMandeni nesifundazwe sonke, sekube nokubambisana ekutholeni izixazululo. Kwintando yeningi asilwi ngodlame kodwa siyavumelana ukuthi asivumelani ngokuthile bese kusebenza ukuthi iningi lithini.

Yingakho futhi kuKhongolose sibekele amakhansela ethu umgomo wokuthi ahlale eya kubantu eyobachazela ngasekwenzile ezwe nokuthi bona abantu bathini. Lokhu kubalulekile ukuze abantu

bangadukiswa kalula yilabo ababathembisa ukubenzela izinto kanti vele nohulumeni wabo unezinhlelo zokubenzela lokho ukuze babe nempilo engcono.

Ngikhuluma nje izwe lethu ligubha iminyaka engu-16 yohulumeni basekhaya kulo nyaka. Lokho kusho ukuthi nakuba sisazi isikhathi sobandlululo esiphuma kusona, futhi sizazi nezinselelo esibhekane nazo kule minyaka edlule yenkululeko, kodwa kancane kancane sizogcina sifikile nakulabo abasasalele emuva ekutholeni impilo engcono ngokuphelele. Uma ungenawo ugesi namanzi, sithi sicela usibekezelele ngoba siyeza nakuwe.

Siyazi ukuthi kule minyaka edlule ngaphansi kwalo Hulumeni oholwa yi-ANC, sibone abantu abaningi bakhelwa izindlu, bakhelwa imitholampilo, bakhelwa izikole, bahlinzekwa ngamanzi ahlanzekile, bahlinzekwa ngogesi futhi bathola imigwaqo eyityela namabhuloho okuwela imifula.

Ngaphansi kwalo Hulumeni kaKhongolose abantu bakithi abaningi sebehlinzekwe ngemali yesibonelelo ukuze ingabi bikho ingane elala ingadlile.

Ngaphansi kwalo Hulumeni waKwaZulu-Natal, sekube nokwenyuka kakhulu kwesibalo sezikole okufundwa kuzona mahhala neziphakela abafundi ababalelwa ngaphezulu kwezigididi ezimbili ukudla okunempilo khona ezikoleni.

Lolu hlelo luhambisana nokuzibophezela kukaHulumeni ukulwa nendlala nobubha emiphakathini ebonakala intula kakhulu.

Njengoba sengikhulumile ngezinto eziyisisekelo (basic), ukusadingi-ke silokhu sigcizelela manje ukuthi amabhuloho nemigwaqo yikona okuyisisekelo sokwenza ngcono impilo yabantu bakithi. Sonke siyakuqonda ukuthi umgwaqo nebholoho yizinto eziyigugu ngendlela eyisimanga kumuntu ongakaze ezwe ukuba lula kwempilo uma unako.

Lokhu kubonakala nangokuthi emiphakathini lapho sekulethwe khona le ngqalasizinda, abantu babonga bangaphezi ngokuthi ngempela uHulumeni oholwa nguKhongolose wenza okusemandleni ukuphendula ezidingweni zabantu.

Sesibonile kule minyaka edlule ukuthi abantu bakithi sebeyakwazi ukuya emisebenzini, ezikoleni, ezitolo emadolobheni, emitholampilo, ukuyongcwaba emathuneni noma bavakashele izihlobo nabangani, konke ngenxa yemigwaqo namabhriji osekwakhiwe ezindaweni ezahlukene.

Njengoba silapha-ke namhlanje sisaqhubeka phezu kwebesikwenza emasontweni adlule khona lapha eduze KwaDukuza, sadlula saya eMsinga, saya eMtshezi naseDannhauser, lapho besihambisa khona amabhuloho nemigwaqo. Sithi nakuba siyisifundazwe esikhulu futhi esinezindawo eziningi zasemakhaya ezisasilele emuva ngengqalasizinda, kodwa siyazama ukuphuthumisa izidingo.

Ngakho-ke singuMnyango wezokuThutha egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal sithe masizokwethula uhlelo lokulungiswa komgwaqo uP415 ukuba ufakwe itiyela amakhilomitha angaphezulu kancane kwamane (4.29 km) kule ndawo. Wona lo mgwaqo ungamakhilomitha angu-22.28 ubude uma usuwonke kodwa cishe u-18 km usuvele uyitiyela.

Njengoba sethula lo msebenzi nje, yingoba sesiyazi ukuthi imali esiyifake khona ingu-R45 million kanti nenkontileka ezokwakha iqokiwe njengoba ibisilinde ukuba senze lo mcimbi ukuze uqale umsebenzi. Silindele ukuthi uthathe iminyaka yezimali emibili, okusho uzophela ngo-2017/2018.

Kuyasijabulisa futhi ukuthi kunamathuba emisebenzi avelayo njalo kubantu bendawo ngenkathi kuqhubeka umsebenzi wokwakha. Lapha nje abalelwa ngaphezululu kuka-60 amathuba esibheke ukuthi avele kubantu bendawo, okuhlanganisa nabantu besifazane nentsha.

Siyazi ukuthi la mathuba esikhuluma ngawo kuba ngawesikhashana ngenkathi kwakhiwa, kodwa yiwona futhi asesize abantu abaningi ngamakhono agcina esebasiza uma sebefuna imisebenzi kwezinye izindawo.

Kanjalo nosonkontileka abancane bagcina sebenomlando abawuvezayo ngezinkampani zabo uma befuna eminye imisebenzi. Lapha nje sibeke ingxenye engu-30% wethenda ukuba unikwe osonkontileka abasafufusa. Kukhona 8 ku-Grade 1; abahlanu ku-Grade 2; nabathathu ku-Grade 3.

Siyajabula futhi ukuthi kukhona nama-learnship ngaphansi kohlelo lweNational Youth Service (NYS) azolekelela abafundayo ukuba baqede u-NQF Level 3 (iNational Certificate Road Work Construction). Bangu-12 abafundi abazohlomula ngoqeqesho lapha.

Ngempela asimile siyaqhuba!

Ngakho-ke sifisa ukubongela imiphakathi ezosizakala ngalo mgwaqo ifinyelele kalula eNorth Cast Christian Academy, eMandeni Primary School, eCranburn Primary School, eNew Life Academy, eMangete Primary School, eKhula Kancane Clinic, eTugela Rail Clinic naseMandeni Satellite Clinic.

Okunye futhi, lo mgwaqo uP415 uxhumanisa indawo yaseMandeni nolwandle. Kusho ukuthi uzolekelela ukuthuthukiswa kwezokuvakasha, esaziyo sonke ukuthi lena yimboni ebaluleke kakhulu ukuthuthukisa wesifundazwe sethu. Siyazi ukuthi futhi nakwezolimo, ikakhulukazi ukuthuthwa komoba, lo mgwaqo uzolekelela kakhulu.

Njengoba ngike ngasho ukuthi uKhongolose wakhe uhlelo lwe-NDP ukuze intuthuko ize ngendlela ehlelekile, nathi njengoMnyango sisebenza ngendlela ehlelekile manje.

Uma senza isabelo-mali sisenza ngendlela yokuthi sibheke idistrict ngedistrict ukuze sazi ukuthi malini eya khona futhi yimaphi amaproject esiyifaka kuwona.

Yingakho namhlanje sikwazi ukubala ama-project amaningi esesiwenzile, amanye sisaqhubeka nawo kanti amanye sisazowenza kule District yeLembe.

Kule minyaka embalwa edlule siphuthole ukwakha amabhriji:

- eMdloti ngo-R6.3 million;
- iNkolovuzane ngo-R14 million;
- iNdowengu Isiminya ngo-R14 million;
- Nomgwaqo u-P15-1 KwaNtunjambili ngo-R148 million.

Sinazo futhi ezinye izinhlelo ezinkulu esizenzayo phakathi kwazo okukhona:

- u-P711 eMthandeni kuya edolobheni KwaMaphumulo esifake u-R470 million;
- u-P104 eGlendale esifake u-R225 million;
- u-P712 eMthandeni kuya eWhite Hill esifake u-R399 million;
- u-D883 eNdulinde esifake khona u-R289;
- u-P714 eSibudu kuya eKingsciffe ngaphansi kweNdwedwe esifake u-R596 million;
- u-P100 khona futhi eNdwedwe esifake u-R567 million;
- u-D1514 KwaNodonsula khona eNdwedwe ozodla u-R139 million.
- Amabhuloho iMabhobhane neMvumase KwaMaphumulo azodla u-R145 million.
- iNyakanya Tugela Bridge exhumanisa izindawo ezingaphansi komasipala KwaDukuza naseMlalazi, esifake khona u-R91 million;
- neMvumase Tugela Pedestrian Bridge KwaMaphumulo ngo-R8.95 million.

Njengoba sethula uhlelo lwalo mgwaqo lapha namhlanje, kukhona futhi esiwuhlelayo laphaya eNdwedwe uD865 eNkumbanyuswa, esilinganisa ukuthi udinga u-R85 million ukuba sifake itiyela elingu-8.5 km.

Uma sibheka ngokwesifunda sonke ibalelwa ku-R584 million imali esiyibekele imisebenzi emikhulu kulo nyaka wezimali esikuwona ka-2016/17.

Mhlambe ngaphambi kokuba ngiphethe ngokomcimbi wanamhlanje kumele ngikuveze ukuthi siphoxeke kakhulu njengesifundazwe saKwaZulu-Natal ngendlela abantu bakithi asebethanda ukusibuyisela emuva ngayo ebangeni esesilihambile kwezokuphepha emgwaqeni.

Ngiyethemba sonke sizwile ngengozi lapho kugingqike imoto eyiveni yabulala abantu angu-11 abebizibuyela enkonzweni eMzumbe ngasePort Shepstone emasontweni amabili adlulile.

Ngaphambi kwalokho sasikade singcwaba abantu abayisikhombisa eJozini nabo ababebhubhe engozini eyodwa. Ngiphawula ngaleyo ngozi nje ngoba zibe ngezinkulu kakhulu, kodwa ziningi nezinye ezilokhu zibikwa emigwaqeni yesifundazwe sonke.

Okuxaka kakhulu ngalezi zingozi ngukuthi zincane kakhulu uma zikhona ezidalwa ngukuthi umgwaqo awukho esimweni esihle. Imvamisa imigwaqo ezenzeka kuyona uyifika inetiyela nezimpawu zokuxwayisa ngendlela efanele.

Manje kuvele kucace nje ukuthi ngempela abashayeli baseNingizimu Afrika bayafundiswa nje ukushayela kodwa abafuni kwasampela ukufundiseka.

Njengoba siletha imigwaqo yetiyela nje ezindaweni zasemakhaya njengalapha, siyjabula impela kodwa ayikho futhi into esiphatha kabi njengokuthi nina futhi mphakathi ningabe nisayithokozela leyo ntuthuko ngenxa yokuthi imigwaqo emihle isiphenduke isigodi sokufa.

Ngakho-ke yizona zonke lezi zinto esithi kumele sikhulume ngazo ukuze abantu baphephe emgwaqeni.

Siyazi mfowethu Meya uZulu ukuthi uMkhandlu walapha eMandeni nawo ungenile ezibalweni (ama-statistics ezingozi) ngo-2013 ngenkathi kudlula emhlabeni amakhansela umfowethu uCebolenkosi Mfekayi nomfowethu uNhlakanipho Msomi kanye nomsebenzi kaMasipala umfowethu uSiyabonga Mbelu. Sethemba ukuthi sizolokhu sibambisana ekukhulumeni ngalezi zinto lapho sihamba khona.

Ngiphetha, ngokuthatha leli thuba ukuba ngigcizelele ukuthi njengoba sesibheke okhethweni lwamakhansela ngesonto elizayo ngo-August 3, siyaninxusa ukuba niphume ngobuningi niyosebenzisa ilungelo lenu nivote kahle nangobuhlakani.

Njengoba ngike ngasho, masihloniphe umthethosisekelo nentando yeningi kungabikhona ukusabisana. Masilwe nalesi hlava sokubulalana esisibona kwezinye izindawo lapha esifundazweni, okuyinto esibuyisela emuva njengesizwe.

Sithi njengomphakathi nezinhlaka zonke zomphakathi, masisukume silwe nobugebengu nezidakamizwa ezilimaza intsha nesizwe sethu. Uma uKhongolose ethi ngalabo hulumeni basekhaya sibuyisela amandla emiphakathi, usho ukuthi ngempela amandla akithina njengomphakathi ukushintsha izimpilo zethu, ngokusebenzisana noHulumeni.

Ngalawo mazwi sithi siyanihalalisela nonke sibonga ukuziphatha kahle kwenu kulo mcimbi omuhle kangaka.

Ngiyabonga.